

USARS NGOKUBAMBISANA NABAPHOQELELI BOMTHETHO BAHLAKAZE IQEMBU LEZIGEBENGU ZAMALAHLE

Tshwane, 12 kuMfumu 2023 – Ukhukhulela ngoqo phakathi kohulumeni lokusesha nokubamba obuwenziwa kuzifundazwe ezinhlanu wenziwe namuhla emgogodleni weqembu elishushumbisa amalahle, abadlala indima enkulu ekubhebhethekiseni inkinga kagesi nokucishakonga kwawo.

UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) yiwo owawuyi- ejenti ehamba phambili ophenyweni nokubamba kwanamuhla ngoba kwavela ulwazi ngobugebengu bentela obuningi okusolakala ukuthi benziwa amalungu eqembu elishushumbisa amalahle.

Ukuba yimpumelelo kwalo msebenzi wanamuhla kungenxa yokubambisana phakathi kohulumeni kanye nokwabelana ngolwazi ngaphansi kophiko lwe-NATJOINTS Energy Safety & Security Priority Committee elijutshelwe ukuvumbulula nokwenza lezi zigebugu esezibangele ubunzima kwezomnotho nakubantu bonke abayizakhamizi ezweni zibhekane nengalo yomthetho.

Kungenxa yomsebenzi onzima kangaka, ovame ukwenzelwa esithe, oholela ekutheni kwenziwe uphenyo ngempumelelo noqinisekisa ukuthi bonke abantu baseNingizimu Afrika bangabuyela endleleni yokuphila engenalo uhlelo lokucimakonga ugesi. Lo msebenzi ohleliwe uphinde uvimbele ukulahleka kwemali eqoqwayo, kulolu daba ebe yinani elingaphezulu kuka-R500-million.

Laba abasolwa ngokushushumbisa amalahle kanye nezinhlango abasebenzisana nazo bakhona kanti batholakala: Gauteng; Mpumalanga; KwaZulu-Natal; e-Free State naseLimpopo.

Abasolwa abebegaselwe namuhla babandakanya ababeizisebenzi zakwa-Eskom ababexhumanisa ukukhwabanisa ekutholweni kwemisebenzi, kanye nabanye abantu ababandakanyeka ekuduseni imizila yamalahle ekhethelo.

USARS ukwazile ukuhlanganisa laba bantu nezikhungo ezisebenzisana nabo waphinde waqinisekisa ukuphulwa komthetho ngokwamehlo omkhokhintela kulokhu:

- i. Ukungabhaliswa kwentela yemalingeniso, iNtelantengo kanye/noma ne-PAYE.
- ii. Ukuhluleka ukuthumela amafomu entela.
- iii. Ukudalula okungaphansi kwemalingeniso.
- iv. Ukufaka izicelo zokukhokhelwa imali ebuyayo yeNtelantengo.
- v. Ukuthumela izinto ezingumgunyathi (ukukhwabanisa)

Leli qembu labashushumbisi bamalahle lisolwa ngokuba namalungu akuleli nangabantu bokufika. Amaloli anamalahle alibangise eziteshini zikagesi zishintshiswe umzila zayiswa ezindaweni ezigcina amalahle lapho afike amalahle ekhethelo eshintshwa endaweni yawo kufakwe lawo asezingeni eliphansi noma umkhiqizo engekho ezingeni elifanele. Amalahle ekhethelo abe esethelekiswa noma athengiselwe labo abafisa ukuwathenga. Amalahle ezinga eliphansi avamise ukuxutshwa nokunye okulahlwayo bese ethunyelwa eziteshini zikagesi.

Amalahle asezingeni eliphansi alimaza ingqalasizinda eziteshini zikagesi kwa-Eskom, okuyiyona mbangelangqangi ekulimaleni kwesikhungo sikagesi sokwazi ukuphehla amandla kugridi yaseNingizimu Afrika.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uncome ama-ejensi okuphoqelelwa komthetho ezweni ngale mpumelelo ophenyweni olusaqhubeka.

Uthe, “Kungenxa yalobu bugovu okwenza izwe libe nohlelo lokucimakonga gesi, okulimaza amabhizinisi, okudicilela phansi utshalomali oluqondile okuholela ekulahleke kwemisebenzi - konke lokhu okuthikameza ukuqoqwa kwemali”.

“Wonke ama-ejensi okuphoqelelwa komthetho kumele aqhubeke nokulwisana ngamandla nalobu bugebengu, ngayiye ngokomyalelo wayo. Ngasohlangothini lwawo uSARS uzoqhubeka nokulandelela abakhokhintela ababandakanyeka ekungathobelini ngenhloso nangokuthanda - ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula,” kusho uMnu Kieswetter.

USARS ukholelwa ukuthi umyalezo ucacile futhi nokungangabazi kubo bonke labo ababandakanyeka ebugebengwini obuhleliwe - nizolandelelwa futhi nibhekane nengalo yomthetho.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane nabakwaSARS ku-SARSMedia@sars.gov.za.